
# 18

# Uzizwa unjani namuhla?

## Imizwa yami



US'bu iNyoka iya ephathini yosuku lokuzalwa yomngani wakhe uDassie.
Ushibilika ngesisu sakhe... "Sawubona Fudu," kusho uS'bu. "Uzizwa unjani namuhla?"
"Boo hoo, ngiDABUKILE!" kukhala uFudu. "Ngihamba kancane ngokweqile.
Abanye baye ephathini bangishiya." US'bu ududula uFudu ukumsiza asheshe.
Uyaqhubeka nokushibilika... "Sawubona Chakide!"
"Yebo, nginoKUSHABASHEKA okukhulu!" kusho uChakide.
"Sengijahe kabi ukuzitika ngamanandi ephathini ka-Dassie."
US'bu ukhotha izindebe zakhe. "Sawubona Vemvane!"
"NgiNOMONA", kusho uVemvane.
"Zonke lezo zipho zika-Dassie kodwa lutho ezami - akulungile!"
US'bu unikina ikhanda.



"Sawubona Selesele!"  "Ooh, ngeTHUKILE!" kuqhaqhazela uSelesele.
"Ungangigwinya ngiphelele. Bese ngingafiki ephathini ka-Dassie."
"Ungakhathazeki," kusho uS'bu.
"Ngidle ibhulakufesi elikhulu ekuseni ngakho-ke angilambile!" "Sawubona Scabucabu!"
"NgiKHATHAZEKILE," kunyipha Lulwembu. "Ngilimele komunye wemilenze yami.
Hleze ngeke ngikwazi ukudansa ephathini."
Ungakhathazeki, uneminye eyisikhombisa - ungaqhugela!" kusho uS'bu.
"Sawubona Ntuthwane!"
"NgiYAZIQHENYA", kusho uNtuthwane. "Zonke izingane zami ziza nami ephathini.
Ave zibukeka kahle!"
US'bu umbambatha omncane.





"Sawubona Gundane!"
"NgiNESIBINDI", kusho uGundane.
"Ngenze konke ukuzivocavoca kwami ekuseni.
Manje nginamandla kangangoba
alikho ikati elingangibamba. Ngizozijabulisa usuku
lonke ephathini!" US'bu ampintshe imisipha
yakhe emincane. "Sawubona Sikhova!"
"NgiNOVALO", kusho uSikhova, enyakazisa
amaphiko akhe. "Angazi noma uDassie
uzosithanda yini isipho engimphathele sona."
"Umcabango osemqoka," kusho uS'bu.
"HEY, HEY, HEY Dassie!"
"NgiYAJABULA", kusho uDassie. "Namhlanje usuku
lwami lokuzalwa futhi bonke abangani bami
abakhulu bafikile ephathini yami!"
"Hooray!" kusho uS'bu. "NgiJABULE KAKHULU nami!"